**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C D no-E. Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI. U-A no-B noma C no-D noma u-A no-E njll.
- Izimpendulo mazinombolwe futhi zihlelwe njengoba kunombolwe kwahlelwa imibuzo.
- Phendula ngesiZulu esihle.

---

## ISIGABA A
## IZINKONDLO

### UMBUZO 1

***Imvubelo*** **– A.M. Maphumulo**

Funda lezi zinkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Inkondlo A**

**Namhlanje**

Ubuklewuklewu okwezinja ziklewula,
Zibanga ithambo elimhlophe seligugudiwe,
Imvove nenyama sekucatshwe kwanyamalala,
Ubumayemaye besililo kumenyezwa kwabesimame.

Igazi ligobhoza kuhle kwemifula,
Igazi lowakwenu linukis' okomzondo,
Inzondo negqubu amakhosi ezinhliziyo,
Owakwenu useyinyamazane kuwena.

Omnyama ubhokoda omnyama,
Isisusa sodungunyane siyimpicabadala,
Sikhombana amabala nezici,
Izici eziyisizukulwane sobandlululo.

Izidalwa zikaMdali zidukile,
Indlela yeqiniso izidukele,
Zidele uthando zaqoma inzondo
Inzondo eyisizalo somona negqubu.

Isitha sakhe umkhanya, kuvele elomhlathi,
Sibukel' amankentshan' agwavumel' ithambo elomileyo,
Sibukela ubulima obululuthekisa isintu,
Isintu sintula umholi weqiniso.

**L.F. Mathenjwa**

1.1 Kungathi imbongi kukhona ekhononda ngakho, ake ukuveze kahle usekele ngamazwi akho ubhekise enkondlweni. (3)

1.2 Ake uchaze la mazwi:

1.2.1 Imvove yenyama sekucatshwe kwanyamalala. (2)

1.2.2 Isisusa sodungunyana siyimpicabadala. (2)

1.2.3 Sibukela ubulima obululuthekisa isintu. (2)

1.2.4 Sikhombana amabala nezici. (2)

1.3 Bhala ifuzamsindo elisebinzeni 1. (1)

1.4 1.4.1 Tomula izifaniso EZIMBILI ezisebinzeni 2. (2)

1.4.2 Tomula ukuxhumanisa-siqalo ebinzeni 2. (2)

1.5 Bhala isisho esisebinzeni 5. (1)

1.6 Phinda ubhale ukuxhumanisa okuyinxemu ebinzeni 4. (1)

1.7 Zinto zini ezingamakhosi enhliziyo? Shono EZIMBILI. (2)
**[20]**

**Inkondlo B**

Shwabadela ngqumusha yala nokupheza;
Tsavuza ezinabuzelayo neziqununuzayo.
Gola uthi qungqu esiqungqwini esiyisisu sakho.
Zinzisa izidladla zakh' ubuhlungu ngonothanda
Thana dwi izindwangu zenhliziyo,
Thana qu-u ameva omzimba wakho.
Nempela akulethe hlevane lwavalo lokho,
Kukade mbhem' uyigqekez' imiphefumulo yoNtu.

Izandla zakho zigxaza igazi,
Zibomvu zifakaza imisebenzi yakho,
Okungeyosizi nobumnyama ngempela
Ogxishe abafelwa nabafelokazi kuyona.
Ogcweleza amagugu nezinhlanhla zabo;
Ukulila kulokhu kwadla umunyu,
Izinyembezi ziyinsakavukela,
Imbangela njalo kunguwena kufa.

Empilweni yami eMhlabeni,
Ngibonile izelelesi nezinswelaboya,
Eziphilela ukubhubhisa impilo.
Kepha zinalo uzwelo oluncane,
Zimhlonipha unina ozizalayo.
Kepha wena kawunjalo neze,
Udla fumuka ufune naleso silaza.

1.8 Bhala isihloko sale nkondlo negama lombhali wayo. (2)

1.9 Qoqa umqondo wenkondlo, amaphuzu makabe MAHLANU. (5)

1.10 Kusho ukuthini ukuthi, 'kudla fumuka nesilaza'? (2)

1.11 Shono ukuthi lowo nalowo musho uqukethe siphi isifenqo: (KHETHA: isingathekiso, ihaba, isenzasamuntu, isenzasasilwane, isibhuqo)

1.11.1 Shwabadela ngqumusha yala nokupheza. (1)

1.11.2 Kukade mbhem' uyigqekez' imiphefumulo yontu. (1)

1.11.3 Eziphilela ukubhubhisa impilo. (1)

1.11.4 Ogcweleza amagugu nezinhlanhla zabo. (1)

1.11.5 Zinzisa izidladla zakh' ubuhlungu. (1)

1.12 Bhala ifanangwaqa ebinzeni 2. (1)

1.13 Indikimba yenkondlo ikhuluma ngani? Sekela impendulo yakho ngezibonelo ezifanele. (5)

**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

# ISIGABA B
## UMDLALO

## UMBUZO 2

***Ngiwafunge Amabomvu* – M. Molefe**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

| | | |
|---|---|---|
| Thulisile | : | Ngingaba nomyeni ngingazange ngidlule ekubeni nesoka? |
| Nokufika | : | Intombi uma igane ingakaqomi kwenzekani Thulisile? |
| Thulisile | : | Kugana othandayo bodade. Hhayi bonke abantu laba. Angiyiphathi-ke ekaThulisile. Mina uZaba ungilindile kwabo. Ngeke akholwe ukuthi ngilapha manje. Kuyoba ngcono uma etshelwa ukuthi ngiphelekezele udadewethu, hhayi ukuthi ngiganile! |
| Nokufika | : | Wawucabanga ukuthi kanti uyaphi lapha ngenkathi uzogana? |
| Thulisile | : | Ngangithi kuphelekezelwa nina ninodadewethu lona. Uthi ngangazi ukuthi ngizogana nami futhi? Dadewethu, ngumthetho ukuthi ngikuphelekezele uma uyogana ngoba ngiyinyama yakho, nawe uyinyama yami. Hhayi ukuthi nami sengingena kulowo mgodi ngaleyo ndlela. |
| Khonzeni | : | *(Ashaye izandla.)* Yimihlola lena we madoda! Nicabanga ukuthi yindaba encane yini lena we bakithi, anangababaza? |
| Thulisile | : | (*Abambelele okhalo.*) Bengingazi ukuthi kugana nabantu abanamasoka abo kulo muzi wasebukhosini mina. Bengingazi ukuthi kugana abantu abangabuzwanga ukuthi banabo yini abantu babo abazikhethele bona ngoba bebathanda ... |
| Thulile | : | Bewungakaqomi dadewethu. Futhi lo muntu omganile akatshelwa leyo nto. Ucabanga wena ukuthi inkosi kufanele ibange nabafokazana? |
| Thulisile | : | *(Avuke ngolaka.)* Hha! Wena dadewethu ucabanga ukuthi inkosi kufanele ibange nawobani ngokwakho? |

2.1 Ungumlingiswa onjani uThulisile? Bhala amaphuzu AMAHLANU. (5)

2.2 Wenzani uKhonzeni ukunqanda ubushinga noma ukweyisa kukaThulisile? Bhala amaphuzu AMAHLANU. (5)

2.3 Iziphi izizathu ezenza ukuthi uThulisile abe sesigodlweni senkosi? Incazelo yakho mayibhekiswe esiqeshini esingenhla. (3)

2.4 Le ndaba yenzeka esikhathini lapho amasiko ayelandelwa khona. Yisho amasiko AMATHATHU okukhulunywa ngawo endabeni. (3)

2.5 Obani oNokufika benoKhonzeni? (2)

2.6 Bhala isibongo somzali wamawele. (1)

2.7 Bakuyiphi indawo laba abaxoxayo? (1)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | | |
|---|---|---|
| Zaba | : | Yima baba. Yima. Yima. Musa ukutatazela. Kukhona eningakwazi nina ninomama. |
| Msanka | : | *(Eseqhuma.)* Wenzani Zaba ungiqhatha nenkosi? Uma uxabene nesigijimi ngoba ungasizwa ukuthi sithini u ...? |
| Zaba | : | Yimani, ake ningilalele. |
| MaGubeshe | : | Sikulalele nxa uthini? *(Abhekise kuMsanka.)* Phela baba uZaba uthi inkosi iyimbangi yakhe. Angazi ukuthi kanjani. |
| Msanka | : | Wethuka inkosi lo mfana! Yeyi-yeyi ...! |
| Zaba | : | Yimani mama. Ake niyeke ukutatazela. Ake ningilalele nje ngikhulume kanye-ke, ngizofingqa. |
| Msanka | : | Yimani ngiyoqaqa umuntu wenkosi ngale. Akamklinyile kakhulu ngentambo leyo lo mfana MaGubeshe? |
| Zaba | : | Cha, baba, yima, ngeke afe lowaya muntu. Ngimbophele ukuthi angilinde kancane. |
| MaGubeshe | : | Ake ume baba. Yima. Ake umlalele nje akhulume iqiniso-ke. |
| Msanka | : | Wena utheni kuwena MaGubeshe? |
| MaGubeshe | : | Akashongo lutho. Kade engasenaso isineke ngenkathi ngingena. Nesithunywa sithi asazi ukuthi kwenzekani ngoba sithe sona ubizwa yinkosi kwaba kuphela. |
| Zaba | : | Ngisize mama utshele ubaba ake abeke inhliziyo yakhe phansi. Uzoyizwa le nto engizoyisho. |
| MaGubeshe | : | *(Ethoba.)* O, hhayi, ake sizwe-ke mfana wami ukuthi inkosi uyisuka ngani. |
| Zaba | : | Baba, ithe iNkosi ingifunelani kuwe? |
| Msanka | : | Hhabo! Uyazi ukuthi uchitha isikhathi-ke manje ngale mibuzo yakho? Inkosi iyasifuna thina nawe sobabili, manje! |

2.8 Kungani uMsanka ethi uxatshaniswa nenkosi? (2)

2.9 Inkosi yayisithumeni isithunywa? (2)

2.10 Usibophelani uZaba isithunywa? (2)

2.11 UMaGubheshe uhlobene kanjani noZaba kanye noMsanka? (2)

2.12 Msebenzi muni owawenziwa nguMsanka ebukhosini? Chaza. (2)

2.13 Umuntu uyalilandela igama lakhe. Sekela lo mbono ubhekise kuZaba. (3)

2.14 Sengathi uZaba wayedalela uyise izinkinga uthini wena? Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (5)

2.15 Ubani imbangi kule ndaba? Sekela iphuzu lakho. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

## ISIGABA C
## INOVELI

### UMBUZO 3

***Isigcawu Senkantolo* – M. Masondo**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

"Kusobala ukuthi ummangalelwa wethuka maqede wadubula, kodwa akamnembanga lowo muntu engikholwa ukuthi kwabe kunguye luqobo ufakazi wenkantolo lona. Naye lo fakazi wayeseziwisa njengomuntu odutshuliwe. Wathi uma ebaleka ummangalelwa isibhamu sakhe sawela esikebheni kodwa asangangena emanzini njengoba ummangalelwa ecabanga.

"Wasithatha ufakazi isibhamu waya naso lapho ayebophele khona umufi, wafika wafuna imali kepha umufi wayilandula wase eyamdubula ngoba ekholwa ukuthi uzama ukumphambanisela.

"Esebulele ngesibhamu leso, akazanga ukuthi uzosenza njani. Wayesesigcina kuye. Uthe ukuba ezwe incazelo kammangalelwa ufakazi lona, wase ehamba eyothatha imali leyo wafika washiya lesi sibhamu ukuze icala limfanele ummangalelwa.

"Nkosi yami, ngicela umkhiphe phambili ummangalelwa kuleli cala."

Yathula yonke inkantolo ilalelisisa konke okuchazwa uNgubane. Wathi angaqeda ukuchaza uNgubane, ijaji labheka uButhelezi.

3.1 Le ndaba engenhla yenzeka kusiphi isizinda? Usho ngani? (2)

3.2 Nikeza isizathu esabangela ukuba umufi lona abulawe. (2)

3.3 Awuchaze ngodweshu olwaba phakathi kommangalelwa nalona ongadubulekanga ukuthi lwabangelwa yini? Sekela ngamaphuzu AMANE. (4)

3.4 Phawula ukuthi uMhlobo wabulawa kanjani? Sekela ngamaphuzu AMANE. (4)

3.5 Ngubani lo fakazi? Mchaze nokuthi ungumlingiswa onjani. Sekela ngamaphuzu AMANE? (5)

3.6 Bhala abalingiswa ABATHATHU abaphuma phambili kule ndaba. (3)
**[20]**

**Isiqeshana B**

> "Akukho yini owake wamxoxela khona ngodaba lokuboshwa kwakho kuze kufike ekufeni kukaZikode?" kubuza uNgubane.
>
> "INkosi ingisize, angikaze ngiyixoxele muntu le ndaba. Nanxa uDuduzile noZethu ngibazi ukuthi kabakhahlelwanga yimbongolo, kodwa ngathola kunzima ukubatshela lolu daba. Uyedwa umuntu owazi ngale mfihlo. Ilowaya nogada wasemoshali nawe-ke owesibili. Akunankinga mayelana nonogada ngoba phela akangazi futhi ngangingakadumi kangaka." Wachaza kanjalo-ke umfo kaKubheka elokhu engakhohliwe yidami lakhe.
>
> "Ngiyezwa Khathide," kuphendula uNgubane.
>
> "Manje-ke Mbomvu, nguwena wedwa umuntu ophilayo owazi imfihlo yami. Sengilushiya kuwe lolu daba. Sengihlale isikhathi eside. Sengicela ukubuyela emuva ukuze ngibuyisele le ncwadi engakafiki uDuduzile," esho esukuma uKubheka.

3.7 Obani amagama alaba abaxoxayo kule ndaba? (2)

3.8 Mfihlo yini okukhulunywa ngayo endabeni? Wayithola kanjani? Chaza ngamaphuzu AMANE. (5)

3.9 Onjani umuntu owakhahlelwa yimbongolo? (2)

3.10 Bhala igama likanogada waseMoshali. (1)

3.11 Ujaheni uKubheka ekhaya? (2)

3.12 Bhala igama lejele uKubheka aboshwa kulo. Yikuphi akufunda ejele? (3)

3.13 Kwakuyini leli dami likaKubheka okukhulunywa ngalo kule ndaba? (1)

3.14 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

3.15 Kungani uKubheka ayelushiya kuMbomvu lolu daba? Chaza. (3)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

## ISIGABA D
### UBUCIKO BOMLOMO

### UMBUZO 4

***Inkosi Yinkosi Ngabantu*** **– C.T. Msimang**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

**Inkosikazi Esenyangeni**

Kwesukesukela inkosikazi. Le nkosikazi yabe ilikholwa elinguMkhrestu. Yabe inomntwana oyedwa osemncane. Nakho-ke sekwenzeka lusuku lumbe ithole ukuthi ayizithezanga izinkuni ngoMgqibelo. Pho manje ngoba yiSonto nje izokwenzenjani? Iwazi kahle umyalelo wesine othi: "Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele. Ungasebenzi ngalo nakanye ..." Ibone nje ukuthi cha, izalelwe yinja endlini phela uma kunje. Iyakhala ngapha ingane. Ifuna idokwe layo.

Isiqunge isibindi inkosikazi. Ithathe umntwana imuthi khwaxe emhlane. Ithathe isibopho iqonde ehlathini. Nempela ifike itheze. Kanti liyayibona iso laphezulu elingafihlelwe lutho. UNkulunkulu anqume ukuthi nakanjani kumele ayijezise le nkosikazi ngokwephula kwayo umthetho wesine emithethweni eyishumi. Nempela ayithathe nomnyaba wayo wezinkuni kanye nomntwana emhlane. Aye ayoyithi phahle ebusweni benyanga. Nempela ifike inamathele lapho.

Ngisho nanamuhla lokhu, uma inyanga idilingene, uyoyibona inkosikazi ibelethe umntanayo, ithwele inyanda yezinkuni ekhanda, isize yaba yithunzi ebusweni benyanga.

Cosu, cosu!
Iyaphela-ke.

4.1 Chaza lo mlingiswa okukhulunywa ngaye kule ndaba. Sinikeze amaphuzu AMABILI. (4)

4.2 Ihlushwa yini le nkosikazi? Yisho kube KUBILI. (4)

4.3 Uthini umxoxi uma eqala inganekwane nalapho eseyiqeda? (4)

4.4 Ingabe lesi sijeziso sasiyifanele le nkosikazi? YEBO noma CHA? Sekela impendulo yakho. (2)

4.5 Ingabe inganekwane ethi, inkosikazi esenyangeni iyinsumansumane, noma inganeko, noma umzekeliso? Chaza ukuthi usho ngani? Ngokugagula amaphuzu abe MANE. (5)

4.6 Yisho umsebenzi OWODWA wenganekwane. (1)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | |
|---|---|
| **2.2.1** | **Imilolozelo**<br>Lena yinkondlo emfishanyana yokuthunduzela umntwana. Ivama ukuhaywa ngunina noma umzanyana nxa umntwana ekhala noma befuna ukuba alale. Okusemqoka kule nkondlo yisigqi. Iba nesigqi esimnandi esisamculo ukuze phela umntwana athunduzeleke asheshe alale. Umlolozelo uthi awufane nesilandelo kanti empeleni eziningi izilandelo kudunduzelwa ngazo abantwana. Nokho sizoxoxa kabanzana ngesilandelo lapha ngezansi. |

4.7 Shono imisebenzi EMITHATHU yomlolozelo. (3)

4.8 Phawula ngomehluko okhona phakathi kwemilolozelo kanye nezilandelo, unikeze nezibonelo mazibe ZINTATHU ohlangothini ngalunye. (6)

4.9 Ngobani abahaya umlolozelo? (2)

4.10 Yini ebalulekile uma kushiwo umlolozelo? (1)

4.11 Bubaluleke ngani ubuciko bomlomo? Kungani kumelwe bufundwe? Sekela ngezibonelo EZINHLANU. (5)

4.12 Bhala izibonelo EZINTATHU zobuciko bomlomo. (3)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

## ISIGABA E

### IZINDABA EZIMFISHANE

### UMBUZO 5

***Umlabalaba* – O.E.H. Nxumalo**

Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

> "E ... mama, angazi noma ngiyakuphazamisa yini."
> "Cha, khuluma mfana wami. Angithi nawe uyazibonela nje ukuthi ngisaziphumuzela imilenze yami le eseyahlala ibuthakathaka. Phela sesangenwa ngoshukela nje, umuntu angathini?" kusho uMaZungu ethi ukumamatheka, ebuye eyelula imilenze eyibeka esigqikaneni esilaphaya phambi kukasofa. "A ... angazi noma umama kuzomphatha kahle yini lokhu ngoba e ..." nguBongani eshalaza.
> "Ungangibulali ngovalo phela Bongani," usenokuxwaya manje uMaZungu, "Uthi akungcono silinde uyihlo uma kanti yindaba ebucayi le oza nayo?"
> "Cha, mama. Empeleni ngize khona manje ngoba ngibona ubaba engekho."
> "Usukhulelisile yini Bongani?"
> "Cha," nguBongani. Usashalaza.
> "Wo, kwaba ngconywana-ke. Manje awungihlebele-ke Madlokovu ukuthi kanti ludaba luni lolu oze ngalo." Siyagubhazela isifuba kuMaZungu.
> "Empeleni lapha e ... kukhona umuntu esengimbonile ..."

5.1 Ubani umlingiswa oqavile kule ndaba? (1)

5.2 Yini inkinga yakhe? (4)

5.3 Usho ukuthini uBongani uma ethi kukhona umuntu asembonile? (2)

5.4 Kwakungubani uyise kaBongani? (1)

5.5 Sithini isihloko sale ndaba? (2)

5.6 Xoxa ngengwijikhwebu esesiphethweni sendaba yonkana, amaphuzu makabe MAHLANU. (5)

5.7 Sithini isifundo esitholakala endabeni? Sekela ngezibonelo EZINE ezifanele. (4)

5.8 UBongani wafuna ukuthatha intombi yakwabani? (1)
**[20]**

**Isiqeshana B**

Ngizizwe sezigcwele amehlo izinyembezi. Le ngoma ekhala emsakazweni isisuke yangilethela umunyu. Ivukuze inkumbulo enhliziyweni nasengqondweni. Ukukhala kwayo kuvele kwagqamisa ongaphebezeki umfanekiso kaThembisile. Phela uyikhonze kabi le ngoma. Ngivele ngikhumbule yena uma ikhala. Kuvele kubuye ubuhle bakhe nobumtoti bamancoko akhe.

Ziqathake izinyembezi. Ngisukume. Ngiqonde etafuleni. Ngelule isandla. Ngiwucishe umsakazo. Ngizesule ngomkhono weyembe izinyembezi. Kangisenandaba noma angazibona uNomkhosi. Uma ebuza ukuthi ngikhalelani, ngeke ngingabaze ukumtshela iqiniso. Kufuze ukuthi usezibonele kodwa naye ukuthi sekufike esiphethweni.

"Uyazi uyangixaka namuhla Ndumiso. Uyangixaka impela," asho angigqolozele uNomkhosi. Ngithule. Ngibheke phansi. "Kawusho Ndumiso, yini ngempela? Kukhulu okukudlayo kodwa kawufuni ukungitshela. Kangazi ukuthi usuqale nini ukungangitsheli uma kukhona okungakuphethe kahle. Selokhu ngifikile nje, kawukhombisi nokuncane ukwesasa lokhu. Ngeke uze usho ukuthi uhleli nomuntu omthandayo, okuthandayo."

5.9 Ukhaliswa yini uNdumiso kule ndaba? (4)

5.10 Wayefanele yini ukukhala uNomkhosi? Nika izizathu EZIMBILI. (2)

5.11 Phawula ngemigomo yendaba emfishane ngaphansi kwalezi zihlokwana:

- Abalingiswa.
- Ukuqoqeka kwesikhathi.
- Ukuqoqeka kwendawo.
- Inkinga yomlingiswa oqavile.
- Inani lamakhasi. (5)

5.12 Ubani ozwelana naye phakathi kukaNdumiso noNomkhosi? Usho ngani? (2)

5.13 Ingabe indaba yonke iyahambisana nesihloko 'Izinyembezi'? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (3)

5.14 Phawula ngobudlelwano obabukhona phakathi kukaThembisile noNdumiso. (2)

5.15 Ubani umlingiswa oqavile kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**